**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 3 amahora**

**IMIKLOMELO: 100**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, noC.
- Isigaba A umbuzo 1 uphoqelekile.
- Isigaba A umbuzo 2 khetha uphendule imibuzo emibili.
- Isigaba B noC khetha ubhale umbuzo owodwa kuleso naleso sigaba.
- Uma ukhethe umbuzo omfishane kuB khetha oyingxoxo kuC.
- Uma ukhethe oyingxoxo kuB khetha omfishane kuC.
- Makungaphendulwa imibuzo emibili encwadini eyodwa.
- Ukubhala ngobunono nokuhlela kahle umsebenzi kuyaziswa kakhulu.

---

## ISIGABA A

### UMBUZO 1

### IZINKONDLO

***Usinga I*** – **N.S. Ntuli**

Lo mbuzo uphoqelekile.

1.1 Funda le nkondlo elandelayo, bese uphendula imibuzo engezansi.

**Iqondephi Intsha?**

Nantuy' uquqaba lwamabhungu namatshitshi kaZulu,
Nali iqholo nokuzazisa kukaZulu.
Nant' ithemba nengomuso lakithi lifiphala;
Izingane zakho zibhuza ngaphandle kwesibaya
Kuhle okwezimvu zintula umelusi.

Nantiy' iqembu lihay' izingoma zokubhina,
Kungabe umnyombo walokh' uphi na?
Nempela basho ngesikhul' isankahlu lesi,
Kanti babamb' umkhonto ngasekudleni
Nasempini ikhohlisana ihlomile Zulu.

1.1.1 Iqondeni imbongi ngale binzana lamagama:

a) uququaba. (1)

b) izingoma zokubhina. (1)

c) isankahlu. (1)

1.1.2 Nikeza umqondo osobala wale nkondlo. (3)

1.1.3 Nhloboni yesifenqo esiqukethwe yilo musho? "Kuhle okwezimvu zintula umelusi" (1)

1.1.4 Zichazani lezi zisho / zaga ezilandelayo:

a) ukubamba umkhonto ngasekudleni. (1)

b) ikhohlisana ihlomile. (1)

1.1.5 Yini umnyombo? (1)
**[10]**

**UMBUZO 2**

Kulo mbuzo phendula imibuzo EMIBILI vo.

2.1 Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Imvubelo – *A.M. Maphumulo***

Baqhub' imbuzi bayadididizela bediyazela,
Umpongo lwezwi luyampompoloza lumpongoloza.
Kuqhuma esiletha umunyu isililo,
Kuqhuma nhlamba kuqhume nduku,
Kuqhume isililo kuqhume uhleko,
Bancinde encumbeni yegwebu lakho.

Abakuzuzile bacokeme kwantengezelayo amagatsha,
Bakudembesele bakweya wabadakisa badakwa,
Zembuleka gembelekeqe izimfihlo namaqiniso.
Namhlanje mvubelo yolwazi badakwe umbuso,
Kuqhuma uhleko sebeshwashwada beshweshweza,
Kuqhuma isililo kwabakukhafula besab' ukudakwa.

Imiqondo uyivubele wayidunga yadideka,
Iphambili labadida badumala badangala,
Aluhlaza amadlelo waweneka abadoba,
Ukudikibala bakudumaza badumba impumelelo,
Imiqondo ngolwazi uyidakise yaqonda,
Iqonda amaqiniso nezimfihlo okwembulile.

2.1.1 Nikeza isihloko sale nkondlo. (1)

2.1.2 Kuchazani 'ukuqhuba imbuzi'? (1)

2.1.3 Nikeza umqondo ojulile wale nkondlo. (4)

2.1.4 Nhloboni yokuxhumana okusesigabeni sokuqala? Nikeza isibonelo. (2)

2.1.5 Ichazani imbongi uma ithi:

a) "Zembuleka gembelekeqe izimfihlo namaqiniso"? (2)

b) "Bancinde encumbeni yegwebu lakho" (2)

2.1.6 Moya muni esiwuthola kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (3)
**[15]**

**NOMA**

2.2 Funda le nkondlo elandelayo, bese uphendula imibuzo engezansi.

Namhla ngingumfula ngiyaholobha,
Nginemingenela manxa onkana.
Ngimachibichibi,
Ngimachweba,
Ngimazibuko.
Abomile baphuza kimi!

Nokho nginomthombo ...
Cha, nganginomthomb' opholile;
Ompompozayo –
Leso siphethu singapheli nsuku zonke
Nenkezo negobongo
Ebengicakula ngayo ngingaphezi!

Zafika lezo vuvu zamasuku
Amathumb' ezipheth' aphothana.
Inyama eyayiqine kwasansimbi
Yaluphala yabuna,
Yafinyela gongo,
Yathula,
Yathul 'ungothula yebuya.

Namhla sengikhumbul' imigwaq' owayiqombola
Ngikhumbul' ubusik' owabusika
Nehlob' owalehlula;
Ngikhumbul'izivunguvungu owazivumisa phansi
Ngikhumbul' iwisa lakho lomthandazo
Ngikhumbul' isizotha nenhlonipho
Ngikhumbul' amalangab'enjabulo
Ngikhumbul' ugqozi
Phezu kwakho konke, ngikhumbula Wena!

2.2.1 Nikeza isihloko sale nkondlo. (1)

2.2.2 Nhloboni yesifenqo esiqukethwe yilo mugqa: "Namhla ngingumfula ngiyaholobha." Sichazani lesi sifenqo? (2)

2.2.3 Nikeza umqondo osobala wale nkondlo. (5)

2.2.4 Veza umehluko okhona phakathi kwezibuko nesiphethu. (2)

2.2.5 Yini inkezo? (2)

2.2.6 Ngokuzwa kwakho le nkondlo, yiziphi "lezo vuvu zamasuku" ezafika? (2)

2.2.7 Khipha esisodwa isibonelo sokuxhumana – siqalo esigabeni sokugcina. (1)
**[15]**

**NOMA**

2.3 Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo ezolandela:

**NTANDOKAZI YAMI**

Ezinsizini zakwamhlaba,
Empelathemba kuqhath'umunyu
Kweyam'inhliziy'engenasikhundla,
Ngizilahla kuwe S'thandwa,
Sondel'ungiduduze S'thandwa
Ngisondeze kwelakh'igazi
Ngizw'intokomalo yobuwena
Bangigcona ngapha nangapha
Kodw'usifunani isicwicwicwi?
Ntandokazi yami ngingowakho.

Masehlele phansi komuthi,
Masihlal 'emthunzin 'opholile
Silalel'izinyoni zitshiloza
Ngamaphimbophimbo'afana noju,
Sikhohlw'umhlab'ohlabayo,
Sibon 'umhlab 'usungowethu.
Sondela sihlangan 'okwebumba,
Ak'utshiloz'emnand'ingoma
Zike zithol'ikhef'izinyoni
Kade kusile sibelesele
Zisibongela ngothando lwethu,
Abantu basifel'umona.

Ndoni yami yamanzi,
Ufana nelanga liphum'ehlobo,
Elakh'ikhanda yimbokod 'ebushelelezi
Namabhamuz'afana nakaMabhengwana,
Kweyam' ufana nembal'eqhakazil'endle,
Ubusika nehlob'awubuni,
Ngikhanyisele ngobhaqa lothando,
Impilo yami iyachichima.

2.3.1 Moya muni esiwuthola kule nkondlo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili. (4)

2.3.2 Kungani imbongi ifanisa amaphimbo noju? (2)

2.3.3 Nhloboni yesifenqo esiqukethwe yilo mugqa futhi sichazani? "Ufana nelanga liphum' ehlobo"? (2)

2.3.4 Ichazani imbongi ngala magama:

(a) intokomalo? (1)

(b) ukugcona? (1)

2.3.5 Yikuphi okubili okuyokwenziwa yilezi zithandani olwandle? (2)

2.3.6 Yini ubhaqa? (2)

2.3.7 Yini ukutshiloza? (1)
**[15]**

**NOMA**

2.4 Funda le nkondlo elandelayo, bese uphendula imibuzo engezansi:

**MUHLEKAZI WEMVELO**
V.S. Khumalo

Wamuhle Nkosi yokuthula!
Nxa uqhamuk' eMpumalanga,
Ufana nembali eqhakazile endle,
Ngizwa kutshaz' igaz' emthanjeni,
Linanel' intokomalo yakho –
Ngajuluka ngaba yinhlama
Ngob'usuqhakazile Muhlekazi wemvelo.

Kawubhekeki uyasabeka!
Walinqob' iqhawe leLembe
Lalihlos' ukuzuz' iminyezane ngawe
Likukhomba likuhasha ligiya!
Walihleka kanye lakhophozela
Ekugcineni walinqoba lanqobeka.

Obabamkhulu wababheka
Baphila, bedlula njengethunzi
EGibhithe wawukhona ubhekile
Mhla kuchithek'igazi elimsulwa.
Wabon' izinsizwa zilwa
Ziya kwaGoqanyawo zingazelele
Ngempikazi yomhlaba yesibili.

Wawukhona qhawe leZulu
Mhla abakwaXhosa bezigwaza
Ngowabo umkhont' obukhali,
Becabang' ukuth' uzoshay' indida,
Waphashaka Muhlekazi wabahlek' usulu!
Bancind' uthi lomkhangala,
Hawu, Qhawe leNkosi kade ubona
Izinsambatheka zokungazi kwamhlaba.

Ngitshele kad' ubona uhlalaphi?
Ngobani abafowenu?
Sondel' ungihlebele qhawekazi
Uzifihla kuphi nxa usithela kwamhlaba
Kwakubangwani kwelikaFaro?
Zifun' ukukhonya zonk' izizwe
Ak'uzihlabe ngozipho Muhlekazi,
Izinkunz'ezimbili kazibusi sibaya sinye.

2.4.1 Nikeza umqondo ojulile wale nkondlo. (4)

2.4.2 Ngokwakho ukwazi kwakubangwani ezweni likaFaro? (2)

2.4.3 Kukuphi kwaGoqanyawo? (1)

2.4.4 Ukwenzani 'ukuhleka usulu'? (2)

2.4.5 Moya muni esiwuthola kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (3)

2.4.6 Sifenqo sini esiqukethwe yilo mugqa. (1)
'Ngajuluka ngaba yinhlama.'

2.4.7 Ngokwakho ukwazi, abakwaXhosa bazigwaza kanjani ngowabo umkhonto. (2)

**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

## ISIGABA B

## UMBUZO 3

## UMDLALO

***Ngiwafunge Amabomvu* – L. Molefe**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi sigaba:

3.1 UZaba uvezwe njengomlingiswa onesibindi sokumela iqiniso noma sekumnyama. Xoxa ubhekise ezigamekweni ezisencwadini, uveze nokuthi uZaba samphumelelisa kanjani isibindi sakhe. **[30]**

**NOMA**

3.2 Funda lezi ziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo.

**Isiqeshana A:**

| | |
|---|---|
| MSANKA: | (*Usehlezi phansi enhlabathini uncike ngodonga. Iwendlu.*) Wangibulala Mzwezwe. |
| MZWEZWE: | Yini Msanka? |
| MSANKA: | Sengifile...! Ungabe usangibuza lutho. Ngisakulungisela amazwi engicela uwanike umkami uMaGubeshe. |
| MZWEZWE: | Nduna, ungenaphi-ke wena lapha manje? |
| MSANKA: | Lalela-ke Mzwezwe, umkami uMaGubeshe uzomthola. |
| MZWEZWE: | (*Isukume inyanga.*) Kahle Mzwezwe, kanti kawunteli yini? Kodwa madoda, ngimane ngezwa ukuthi igazi lami kalivumi ukuthi ngiyidekeze le ndaba, kodwa kayikho into ekade ngizoyenza Msanka. |
| MSANKA: | Laleka-ke Mzwezwe ngikuchazele ukuthi ngizofelani ... (*Ahlale phansi uMzwezwe. Kungene inkosi futhi masinyane.*) |
| MGIDI: | Mzwezwe, uyayazi le nto osanda kungitshela yona? |
| MZWEZWE: | Amathambo kaMzwezwe Ndabezitha ngizocela uku ... ukusho ukuthi awasha ... shayi phansi ... Nda ... Ndabezitha! |
| MGIDI: | Avelaphi amalimi pho uma kunjalo? |
| MZWEZWE: | Ndabezitha, empeleni akumele ukuthi ngizincome phambi kwenkosi. |

3.2.1 Bakuphi laba abakhulumayo? (1)

3.2.2 Yiyiphi le ndaba edekezwe nguMzwezwe? (2)

3.2.3 Ngokwazi kwakho indaba, uMsanka uzofelani? (2)

3.2.4 Ngowakho umbono, yini lena eyenza uMgidi angamkholwa uMzwezwe? (2)

3.2.5 Ukwenzani ukuntela? (2)

3.2.6 Ngokubona kwakho, wayefanele yini uMzwezwe, ukumtshela iqiniso uMgidi. Yebo noma cha? Sekela impendulo yakho. (3)

3.2.7 Ngubani indlovukazi okukhulunywa ngayo lapha? (1)

3.2.8 Uchazani uMzwezwe uma ethi amathambo akhe awashayi phansi? (1)

3.2.9 Yini amalimi? (1)

**[15]**

**Isiqeshana B:**

| | |
|---|---|
| NOKUFIKA: | Kodwa kuyafuneka ukuthi siyiveze le nto kungenzeki into kudingeke ukuthi ithungathwe-ke manje ngoba imiphumela yokuthungatha ingahle ibabise okwenhlaba kithi. |
| KHONZENI: | Nokufika, ukuveza kwethu le nto kuzoba ukuvela kwegama likaZaba. UZaba uzofa emva kwalokho ngoba uThulisile uyambona ukuthi uvutha amalangabi anjani ngaye. Ukufa kwakhe kuzoba ukubhincela nxanye kwenduna, uyise. |
| NOKUFIKA: | Inzima kangaka kanti le nto bakwethu? Okubuhlungu ukuthi uThulisile akasizwa uma simeluleka. Into engibona ezoyenza ukuthi uzogcina eyibhunyele ngamanzi ashisayo inkosi ngoba akayithandi. |
| KHONZENI: | Empeleni ixakwe yini inkosi ngoba uThulile yena uyayithanda nje? Ifunelani ukuphoqa izinto? |
| NOKUFIKA: | Awehlukaniswa amawele Khonzeni, ikakhulu uma eyogana inkosi. Wumthetho wenkosi nesizwe kanye namadlozi aso lowo. |
| KHONZENI: | Banephutha bonke labo bantu. Abantu okufanele banqume lokho yiwona amawele uqobo lwawo. |
| NOKUFIKA: | Yini umsebenzi kaMzwezwe kanti? Yini angamthambisi uThulisile? Omandangaphakathi akakwazi yini ukubenza? Wehluleka kuphi? Ingani uma iganiwe insizwa amakhathakhatha iwathatha ekhaya. Uma sekuze kwalandwa inyanga kusuke sekuzokwenziwa into eqonde ngqo. Yini lena eyenzeka lapha ebukhosini inyanga ikhona? |

3.2.10 Ngubani uMzwezwe lona okukhulunywa ngaye lapha? (1)

3.2.11 Chaza kafushane le nto eyenzeka lapha ebukhosini. (2)

3.2.12 Yiziphi lezi zinto ezimthinta kabuhlungu enhliziyweni uKhonzeni? Kungani ethi zimthinta kabuhlungu? (2)

3.2.13 Yini umandangaphakathi? (2)

3.2.14 Yini ebangela uMzwezwe ukuba ehluleke ukuthambisa uThulisile? (2)

3.2.15 Wayekudlelani ukudla kukaThulisile uKhonzeni? (2)

3.2.16 Ngobani oKhonzeni noNokufika? (2)

3.2.17 Kuchazani ukuthi imiphumela ingahle ibabise okwenhlaba. (1)

3.2.18 Nikeza igama lesoka likaThulisile. (1)

**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [30]**

## ISIGABA C

## UMBUZO 4

## INOVELI

***Isigcawu Senkantolo* – M.M. Masondo**

Phendula umbuzo OWODWA kulesi sigaba.

4.1 Le noveli isethulela isifundo esithi 'Abantu abenza okubi bagcina sebetholakele.' Xoxa ubhekise kulaba balingiswa:

4.1.1 uVika Kubheka.
4.1.2 uMagwegwe Buthelezi.
4.1.3 uMhlobo Mvubu. **[30]**

**NOMA**

4.2 Funda lezi ziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:

**Isiqeshana A:**

> "Ngamdubula."
> "Kuphi?"
> "Esifubeni."
> "Wabona kanjani ukuthi wamdubula esifubeni ngoba kwabe kumnyama?"
> "Phela yilapho sasikhombe khona isibhamu ngenkathi siqhuma."
> "Emva kokuba sewumdubulile wabe usuwenza njani-ke wena?"
> "Nganele ukubona ukuthi usewile, ngagxumela emanzini ngabaleka."
> "Wawubalekelani?"
> "Yingoba ngangethukile."
> "Uthuswe yini?"
> "Yile ndoda engingayazi."
> "Yayisikuthuse kanjani ngoba wawusuyibulele?"
> "A. . . Angazi. Ngangingenaqiniso lokuthi ngiyibulele.
> Ngase ngifuna ukuphuma: ngiphele kulesiya sikebhe."
> "Isibhamu sona saphelela kuphi?"
> "Ngenkathi ngibaleka, ngasizwa sishaya isikebhe sase sigxumbukela emanzini."
> "Isikhwama sakho, sona?"

4.2.1 Ngubani lona ohlohlwa imibuzo lapha? Kungani ebuzwa le mibuzo? (3)

4.2.2 Ngesikabani isibhamu okukhulunywa ngaso lapha? (1)

4.2.3 Chaza kafushane isizathu esenza ukuba le ndoda idutshulwe. (2)

4.2.4 Yiziphi izinyathelo ezathathwa yile nkosikazi emva kokudubula lo mlisa? (3)

4.2.5 Saphelelaphi isikhwama sale nkosikazi? (1)

4.2.6 Ngokwazi kwakho indaba le nkosikazi yambulala ngempela lo mlisa? Chaza okwenzeka? (3)

4.2.7 Shono isizathu esenza ukuba uZethu ayohlangana nala madoda edamini. (2)

**[15]**

**Isiqeshana B:**

> Ekungeneni kukaNgubane wakhangwa isibihlibihli sendoda esithi ayibe mpunga ekhanda. Yayihleli ithe bihli esitulweni le ndoda ibukeka ingakamanga nasekhanda. Intshebe yona yayimanikiniki kuhle kweyempongo igcwele unukane. Wayibheka uNgubane nayo yambheka ngamehlo ayo ahlabayo. Kwathi ngesikade uNgubane wayesethi kuyo, "Ngethemba ukuthi unguMagwegwe Buthelezi?"
>
> Ithule nje le ndoda ingakhulumi lutho. Aqhubeke futhi uNgubane, "Le ncwadi oyiphethe uzama ukuba uThokozile ayisayinde?" Kube yiso sona leso. Abuye aqhubeke uNgubane, "Ngilapha nje ngizokwazisa ukuthi uThokozile ngeke asayinde lowo mbhedo wakho, futhi amaqola aqola abanye abantu ngiyawazonda. Zama-ke ukuhlukana nale ntombazane uma kungenjalo uzongena ejele."

4.2.8 Ngenjani indoda eyisibihlibihli? (1)

4.2.9 Bakuphi laba bantu abakhulumayo? (1)

4.2.10 Le ncwadi okufanele isayindwe nguThokozile yayithini? (2)

4.2.11 Wazi kanjani uNgubane ukuthi isibihlibihli sendoda silapha kuThokozile? (2)

4.2.12 Ngubani igama lelinye iqola elalisebenzisana noMagwegwe Buthelezi? (1)

4.2.13 Chaza kafushane ukuthi amaqola alusebenzisa kanjani ulwazi ngokufa kukaZikode ukuze baqole umndeni kaKubheka. (3)

4.2.14 Elinye isu uNgubane alisebenzisa, ukushintsha imali eyabe ifunwe ngamaqola. Kwabe kuyini inhloso yalokho? Ingabe yafezeka yini inhloso kaNgubane ngalokho? (3)

4.2.15 Wenza, msebenzi muni uNgubane? (1)

4.2.16 Shono elinye igama ayewabiza ngalo amaqola uNgubane? (1)

**[15]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [30]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 100**

**ISIPHETHO**